



# UKUVIKELA UKHETHO LWASENINGIZIMU AFRIKA




## I-FACEBOOK ITHATHA ISINYATHELO

I-Facebook iyindawo yokuxhumana okuthembekile, futhi sikholwa ukuthi abantu kufanele baziphendulele ngezenzo zabo uma beziveza ububona ngokuthembeka. Ngesikhathi sokhetho abantu abanezinhloso ezimbi bazifihla ngama-akhawunti omgunyathi. Yingakho sigxile ekuwasuseni ngokuphelele la ma-akhawunti angathembekile nezenzo zawo esizindeni sethu.

## UKUVALA AMA-AKHAWUNTI AWUMGUNYATHI

Ukuze sithole futhi sisuse ama-akhawunti awumgunyathi, sithembele ebuchwephesheni nakubantu. Senyuse isibalo sethimba lethu lezokuphepha kathathu salisusa ku-10,000 salibeka ku-30,000, futhi lokho kubandakanya abahlaziyi, onjiniyela bezingcingo nochwepheshe bezokuphepha.

Ngokusebenzisa ubuchwepheshe obunjenge-artificial intelligence, singakwazi ukuthatha amagxathu okuthungatha abantu ababi futhi sithathe isinyathelo ngokushesha. Sisebenzisa i-artificial intelligence ukuze sithungathe ngaphezu kuka-99.6% wama-akhawunti awumgunyathi esiwasusa ngisho nangaphambi kokuba abikwe.



## UKUNCIPHISA UKUSAKAZWA KWEZINDABA EZINGAMANGA

I-Facebook yakhelwa ukuba ibe yindawo yokuxhumana nabangane nomndeni. Eminyakeni yamuva nje, isizinda sethu sesibe futhi indawo abantu abathola kuyo izindaba ezisematheni. Izindaba ezingamanga ziyingozi kubantu futhi ziyingozi naku-Facebook. Senza okusemandleni ukuba sizinqande zingasakazeki futhi sithuthukise ubuntatheli obusezingeni eliphezulu nezindaba ezifundisayo.

### Ukunciphisa ukusakazeka kwezindaba ezingamanga nokuqethwe okungathembekile

Ulwazi oluningi oludukisayo olusakazeka ku-Facebook lugququzelwa ukufuna imali, ngakho sisebenzela ukujezisa ama-clickbait, amalinki akhishwa kakhulu abasakazi bemilayezo engadingekile, kanye namalinki amakhasi ewebhu ekhwalithi ephantsi. Umsebenzi wethu wokulwa nezindaba ezingamanga nawo uyaqhubeka uthuthuka. Sinenqubo yezinyathelo ezintathu yokuthuthukisa ikhwalithi neqiniso lezindaba ku-News Feed. authenticity of stories in News Feed.

Okokuqala, sisusa okuqethwe okwephula Imihlahlandlela Yomphakathi, okusiza ekuvikeleni ukuphepha nokuvikeleka kwalesi sizinda. Imihlahlandlela yethu Yomphakathi ingatholakala ku-[facebook.com/communitystandards](https://www.facebook.com/communitystandards)

Khona-ke, kokuqethwe okungayephuli ngokuqondile Imihlahlandlela yethu Yomphakathi, kodwa okusaqhubeka kwenza lesi zizinda sibukeke singathembekile, sinciphisa ukusakazeka kwako ngokukukhipha ku-News Feed.

Okokugcina, sazisa abantu ngokubanika umongo othe xaxa ngolwazi abalubona ku-News Feed. Lezi zici ezithinta umongo ziyisibonelo somkhiqizo lapho sinika khona abantu ulwazi oluthe xaxa, ngokwabelana ngemininingwane eyengeziwe ngesihloko nomshicileli waso.

## UKWESEKA ABAVOTI ABANOLWAZI

Abantu sebeyayisebenzisa kakade i-Facebook ukuze baxoxe ngepolitiki nezindaba ezibathintayo kanye nokuxhumana nezikhulu zabo ezikhethiwe. Sifuna ukubasekela futhi sikwenze kube lula ukuvota nokuxhumana nolwazi olunokwethenjela.



### Ukugqugquzela Ulwazi Lwedijithali Nokusiza Abantu Babone Izindaba Eziwumgunyathi

Sifuna ukuqiniseka ukuthi abantu bayakwazi ukubona izindaba ezingamanga futhi bayakwazi ukuhlaba emkhosi. Yingakho sikhophe amathiphu olwazi emsakazweni kazwelonke neziteshi zendawo kanye nasezintweni ezishicilelwayo kulo lonke elaseNingizimu Afrika. ENingizimu Afrika, i-WhatsApp nayo isungule umkhankaso wayo othi “Yaba Amaqiniso, Hhayi Amahlebezi” ukuze isize iqwashise kabanzi mayelana nezinto eziwumgunyathi.



### Ukuqeqeshwa Kwezintatheli

Siyaqhubeka sifundisa amaqembu ezezindaba nezintatheli kulo lonke leli imikhuba emihle yokwabelana ngolwazi ezizindeni zethu nokuphepha ku-inthanethi. Futhi sibaqeqesha nangeMihlahlandlela yethu Yomphakathi, ebusa lokho okuvunyelwe nokungavunyelwe esizindeni sethu.



### Ubambiswano Nama-NGO Nezinhlango Zamalungelo Omphakathi

Ukuze siziqonde kangcono izinkinga zakuleli nokuthi singazisingatha kanjani ngendlela ephumelelayo, sibonisana futhi sisebenza njalo neqembu elikhulu lozakwethu bama-NGO nezinhlango zamalungelo omphakathi kulo lonke elaseNingizimu Afrika. Labo zakwethu bakuleli babe usizo ekusinikezeni uvo esilufaka kuzinqubomgomo nezinhlalo zethu.



### Ukukhuthaza Ukuzibandakanya Komphakathi

Ukusiza ekwakheni imiphakathi enolwazi nekhuthaza amalungelo omphakathi kuwumngodla womsebenzi wethu ngesikhathi sokhetho. Siyaqhubeka sinikeza izindlela ezihlukene ukuze abantu bakwazi ukubika okufakiwe okunolwazi lokhetho oluyiphutha, olukhuthaza udlame noma olwephula Imihlahlandlela yethu Yomphakathi ngandlela-thile.



### Isikhumbuzo Sosuku Lokhetho


Ngesikhathi Sokhetho LwaseNingizimu Afrika ngoMeyi mhla ziyi-8, sizokhumbuzisa abantu ukuthi sekuyisikhathi sokuvota ngesaziso phezulu ku-News Feed ye-Facebook.

## UKUTHIKAMEZA ABENZA OKUNGFANELE

Uma abantu abenza okungafanele ngamabomu besizakala ngemibono yepolitiki engamanga noma ehlukana abantu, lokho kusilimaza sonke futhi kucekela phansi ukuthembeka kokhetho lwentando yeningi. Ngesikhathi sokhetho, sifuna i-Facebook ibe yindawo lapho abantu bengathola khona ulwazi oluyiqiniso futhi baveze ilaka labo ngezindaba ezibathintayo.

Ithimba lethu lezokuphepha lisebenza ngokuzikhandla ukusizisa sihlale sinolwazi lwakamuva futhi siveze ukusetshenziswa kabi kwalesi sizinda. Sisuse izinkulungwane zamakhasi, amaqembu nama-akhawunti abe nesandla ekuziphatheni ngokungathembeki okuhlanganyelwe kuzo zonke izizinda zethu. Sizimisele ukuthuthukisa nokwaba ubudlelwane obuqinile emhlabeni wonke ukuze sikwazi ukuphumelela ekuthungatheni nasekunqandeni lo mkhuba.

Siyazi ukuthi ngeke sikwenze sodwa lokhu. Ngakho sisebenza nohulumeni, ochwepheshe, ozakwethu bemboni ukuze siqaphe ukuthi abantu bayisebenzisa kanjani i-Facebook nezinye izizinda ngesikhathi sokhetho. Sisebenzisa lolo lwazi ukuze sibone kangcono futhi sinciphise izinsongo zokungenela kwanoma iliphi izwe langaphandle.



## UKWENZA IZIKHANGISO NAMAKHASI ANGAFIHLI LUTHO

Uma kuziwa ekukhangiseni ku-Facebook, abantu kufanele bakwazi ukubona ukuthi umkhangisi ungubani futhi babone izikhangiso azidlalayo, ikakhulukazi izikhangiso eziphathelele nepolitiki. Lelo zinga lokungafihli izinto liyizuzo embusweni wentando yeningi futhi lilungele inqubo yokhetho. Ukungafihli lutho kusiza wonke umuntu, ikakhulukazi amaqembu agade ezipolitiki nezintatheli, kugcina abakhangisi benesibopho sokuziphendulela ngalokho abathi bayikho nalokho abakusho emaqenjini ehlukeni.

Uma kuziwa ekungafihlini lutho ekhasini, sithatha izinyathelo ezilandelayo:

### Buka Izikhangiso Ezidlalayo

Senze ukuthi ukukhangisa kungafihli lutho kuwo wonke amakhasi, hhayi nje lawo adlala izikhangiso zepolitiki. Manje ungabona izikhangiso ikhasi elizidlalayo kuyo yonke i-Facebook, Instagram, Messenger nenethiwekhi yozakwethu, ngisho noma lezo zikhangiso zingaboniswa.

### Ulwazi Lwekhasi Oluthe Xaxa

Futhi sinikeza abantu ulwazi oluthe xaxa mayelana namakhasi, ukuze uqonde ukuthi okuqukethwe kuvela kubani nokuthi ngubani umnikazi walezi zikhangiso. Siqala ngosuku ikhasi elenziwa ngalo nanoma ikuphi ukushintshwa kwamagama okwenziwe muva nje.

### Ukusingatha Ukwepulwa Komthetho

Sithatha izinyathelo ezintsha endleleni esisingatha ngayo okuqukethwe yikhasi okungqubuzana nezinqubomgomo zethu. Abantu abaphatha ikhasi elithile manje babona ithebhu entsha ebonisa ukuthi sikususa nini okuqukethwe okuthile okungqubuzana neMihlahlandlela yethu Yomphakathi nokuthi sikunciphisa nini ukusakazwa kokuthunyelwe okuthiwe kungamanga ngumhloli wamaqiniso wangaphandle.

### Ukunciphisa Abaphula Umthetho Bephindelela

Futhi sithuthukise inqubomgomo yethu yabaphula umthetho bephindelela ngokubavimba kangcono labo okususwe amakhasi abo ngenxa yokwepula Imihlahlandlela yethu Yomphakathi ukuba bangasebenzisi amakhasi ayimpinda ukuze baqhubeke benza okufanayo.